ILANGA LANGE SONTO
29 Apr 2012, p.8



LESI ngesinye sezigcawu zomdlalo weshashalazi okhuluma ngokubulawa kweSilo saKwaDukuza, uShaka kaSenzangakhona.
ISITHOMBE: SITHUNYELWE

# Oweshashalazi ngokubulawa kweSilo

**EZASE-THEATRE:** Kulingisa abafundi base-DUT.

NKOSINATHI MSHENGU

ABATHANDI bemidlalo yeshashalazi bazokuthokozela ukubuka umdlalo okulingisa kuwona abafundi abenza izifundo ze-drama eDurban University of Technology (DUT), ozoba seCourtyard Theatre ngoLwesihlanu mhla lulunye kuNhlaba (May), ngaphakathi kulesi sikhungo semfundo ephakeme.

Umdlalo osihloko sithi "Nawe Mbopha kaSithayi" ubhalwe nguLindinkosi Mbatha, waqondiswa nguSiza kaMnisi Mthembu ofundisa kuso lesi sikhungo. Ukhuluma ngokubulawa kweLembe, iSilo saKwaDukuza, uShaka kaSenzangakhona Zulu.

Ukuthatha ukubeke kusukela kwenziwa intulo lokubulawa kweLembe, kuze kube yisikhathi sokugcina sokubulawa kwenkosi ngenhloso yokubeka iNkosi uDingane.

UMqondisi walo mdlalo, uSiza useke waqondisa imidlalo eminingi yeshashalazi, okubalwa kuyona i-Boesman and Lena, i-Sophiatown, iWoza Albert neminye.

Le *production* ihambisana nomnyakazo womdanso ohlukene onenkosi phakathi, kanti umdanso uqondiswa nguMdu Mtshali osanda kubeka lesi sikhungo ebalazweni kwi-Dance Umbrella Festival 2012 ebiseGoli muva nje, nge-*production* ebizwa ngokuthi Imbokodo.

Umculo kule production ubhalwe ngu-Aphiwe Namba owenza unyaka wesibili kwi-drama kusona lesi sikhungo.

Abalingisa kulo mdlalo kubalwa uMayenziwe Zuma olingisa indawo kaMkabayi kaJama, okuyindawo ephambili, ngu-Aphiwe Namba yena olingisa indawo kaMbopha, uThandanani Qwabe olingisa eyeSilo saKwaDukuza uShaka Zulu, uSifanele Mnikathi olingisa ekaDingane, kanti uMpilo Khumalo ulingisa ekaMhlangani okunguyena ungqondongqondo kuleli tulo lokubulawa kwenkosi.

Abafuna eminye imininingwane bangashayela uLebohang Sibisi ku:031-373 2194.

mshengu@ilanganews.co.za